

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za

SA EXAM PAPERS

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2013

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Izindaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: (IZINDABA)
- Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: (IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO
- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: (IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO)
- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: IZINDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Abantu abadala abaningi bakuthola kunzima ukusebenzisa izinto zobuchwepheshe ('technology') bethembele kakhulu ezinganeni zabo ukuthi zibasize. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Abantu Abasha Nezobuchwepheshe. **[50]**

1.2 UHulumeni ukhipha imali yesondlo sezingane ('grant') ukuze asize abantwana abahluphekayo. Lokhu kungaba ngesinye sezizathu esikhuphula izinga lokukhulelwa kubantu abasha. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Sisekhona Yini Isidingo Semali Yesondlo Sezingane? **[50]**

1.3 INinginzimu Afrika ibhekene nenkinga yokubulawa kwamaphoyisa. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Kungani Amaphoyisa Ebulawa Kangaka eNingizimu Afrika? **[50]**

1.4 UHulumeni usebenza kanzima ukunciphisa izingozi emigwaqweni. Bhala indaba uveze owakho umbono ngesihloko esithi:

Imbangela Yezingozi Emigwaqweni YaseNingizimu Afrika. **[50]**

1.5 Bhala indaba ngalesi sihloko:

Ukube Ngalalela Umngani Wami Ngabe Angikho Kulolu Sizi. **[50]**

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.

1.6.1

[icashunwe ku-www.novadevelopment.com] **[50]**

1.6.2



[icashunwe ku-www.novadevelopment.com] **[50]**

1.6.3

[icashunwe ku-www.novadevelopment.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 Bhalela uMphathisibhedlela **incwadi** uncome impatho enhle oyithole konesi besibhedlela sakhe ngesikhathi ulele kusona izinsuku ezi-5. **[30]**

2.2 Umshayeli wemoto ethwala imali weqe irobhothi livaliwe. Kwenzeka lokhu nje, amaphoyisa omgwaqo ayabuka. Abe esemmisa umshayeli exoxisana naye ngalesi senzo sakhe sokwephula umthetho. Bhala **ingxoxo** phakathi kwalo mshayeli nephoyisa lomgwaqo. **[30]**

2.3 Umngani wakho ebenisebenza naye enkampanini eyakha usimende unishiye ngokukhulu ukuzuma ushonile. Abomndeni bakucele ukuthi ubhale umlando ozofundwa emngcwabeni wakhe. Bhala **umlando kamufi**. **[30]**

2.4 Uyimenenja yenkampani ekhiqiza (produce) ubisi lwezingane. Uthe umkhiqizo ('product') usuphumile enkampanini ususemashalofini ezitolo kwatholakala ukuthi kukhona okungalungile ngawo. Bhala **umbiko** ozothunyelwa eziteshini zemisakazo wazise abanikazi bezitolo ukuthi bawususe emashalofini uphinde uxwayise nabathengi ukuthi bangabe besawusebenzisa. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Inhlangano yabafundi (RCL) ihlela ukwenza umcimbi wokuvalelisa uThishanhloko wesikole senu osezothatha umhlalaphansi ('pension'). Bhala **ikhadi** lesimemo umeme umhloli wezikole, umkhandlu ophethe isikole ('governing body') kanye nabazali bebonke ukuba beze kulo mcimbi. **[20]**

3.2 Usebenza enkampanini ethize. Ubambele iMeneja ezobe iye eholidini. Bhala **idayari** yezinto ozobe uzenza ezinsukwini ezi-5 iMeneja ingekho. **[20]**

3.3 Ungomunye wabafundi bebanga le-12 abasekomidini elilungiselela umcimbi wokuvaleliswa kwabafundi ('matric dance'). Bhala **imiyalelo** ('instructions') okuzomele bayilandele uma sebese ndaweni ekuzobe kubanjelwe kuyo lo mcimbi. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100